

YIBA NOMNCWABO OPHEPHILE WOSHONE NGENXA YEGCIWANE IKHORONA



- Umzimba wothandiweyo wakho oshonile kungezeka uthelale abanye abantu ngegciwane ikhorona noma abantu abasemncwabeni bathelelane bodwa.
- Umncwabo ngokwejwayelekile unikeza ithuba lokuvalalisa kothandiweyo wethu. Uma nihluleka ukulungiselela umncwabo ngendlela le ebeniyijwayele, hlalani ukuthi nenze umsebenzi ngesikhathi sekuphephile ukuwenza, ukuze nimvalalise kahle-ke.

- Umncwabo kumele ube sezinsukwini ezintathu emva kokudlula emhlabeni kothandiweyo wenu.
- Abantu kumele bengeqi ku-50 (umndeni, izihambeli nabasebenzi) abanemvume yokuba semncwabeni.
- Niyakwazi futhi ukukhulula labo abaneminyaka engaphezulu kwengu-55 noma abanezifo eziyisimbelambela ukuthi bangezi emncwabeni ngoba bona basengcupheni yokuhaqwa yilolubhubhane i-COVID-19.
- Umncwabo kumele nje ube ngaphansi kwemizuzu engu-30.
- Ningahlangani ndawonye emva komncwabo, akade beze emncwabeni kumele bagoduke ngokushesha emva nje komncwabo.

SIPHATHENI NGOKUCOPHELELA ISIDUMBU SOTHANDIWEYO WENU:

- Ukugezwa nokugqokiswa komzimba wothandiweyo wenu kumele kwenziwe ngabancwabi kuphela noma kube yilabo bantu abaqeqeshiwe ekusebenziseni impahla yokuzivikela.
- Umzimba wothandiweyo wenu kumele uhlale emakhazeni abancwabi kuze kuyoba wusuku lomncwabo.

UMA UMZIMBA USUZOBONWA, KUMELE LOKHO KWENZIWE NGOKUPHEPHA:

Ningabavumeli abantu ukuthi bathinte umzimba. | Niqhelelane, ningasondelani Nigqoke izifonyo. | Nigeze izandla ngesibulalimagciwane emva kwalokho.



QINISEKISA UKUTHI ABASONIKHALISA BAPHEPHILE EKHAWQWENI YIGCIWANE IKHORONA:

- Bacele abantu ukuthi bangezi emncwabeni uma begula.
- Abasonikhalisa kumele bagqoke izifonyo zendwangu ngaso sonke isikhathi.
- Mabasebenzise izibulalimagciwane zasezandleni noma kube nezindawo la bezogeza khona izandla.
- Gcina irejista yabo bonke akade behambe umncwabo. Lokhu kuzosiza iziphathimandla zezempilo ukuthi zikwazi ukuthungatha kalula uma kwenzeka kuba khona ohaqwa i-COVID-19.

Gcina ibanga eliyimitha eli-1,5 phakathi kwakho nabanye. Gwemani ukuxhawulana, ukuwolana noma ukuqabulana.



24HR NICD HOTLINE : 0800 029 999 | PROVINCIAL HOTLINE : 033 846 6000

KUSEZANDLENI ZETHU



KWAZULU-NATAL PROVINCE
HEALTH
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



**GROWING
KWAZULU-NATAL
TOGETHER**